# IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

## *Intshumayelo ngomkhosi wokubonga ukuvuna, ngomhla ka 01. 09. 2013 44/2013*

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.**

1. Iculo 337/283

2. **Umkhuleko:** Nkosi Nkulunkulu, Baba othandekayo osezulwini, ungidalile mina kanye nezidalwa zonke, wangipha umzimba nomphefumulo, amehlo nezindlebe nezitho zonke, ukuqonda nokuzwa konke, usakulondoloza; futhi izingubo nezicathulo, ukudla nokuphuza, indlu nekhaya, umfazi nabantwana, amasimu nezinkomo nezimpahla zonke, uyangabela kakhulu imihla ngemihla konke okuswelekayo emzimbeni nasekuhambeni kwami, uyangivikela ezingozini zonke, wangilinda, wangilondoloza ngokuvimba konke okubi; futhi uyangenzela konke lokhu ngomusa nangobubele bobubaba nabobuNkulunkulu kuphela, kungekho ukulunga nokufanela kwami; ngakho konke lokhu ngiyakubonga, ngiyakudumisa, ngiyakukhonza, ngiyakulalela. Ngisize kulokhu ngoJesu Kristu. Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe encwadini 2 kwabaseKorinte 9:6-15;

   Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe ku-Luka 12:13-21.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 159/3

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

**7.** **Ivangeli** ngohlelo lwesihlanu lilotshiwe kuMathewu 6:19-23, lithi: "Ningazibekeleli ingcebo emhlabeni, lapho kona inundu nokugqwala, nalapho amasela efohla khona, ebe. Kepha zibekeleleni ingcebo ezulwini, lapho kungoni inundu nokugqwala, nalapho amasela engafohli khona, ebe. Ngokuba lapho kukhona ingcebo yakho, nenhliziyo yakho iyakuba-khona lapho. Isibani somzimba yiso. Ngakho uma iso lakho lilihle, uzakukhanya umzimba wakho wonke. Kepha uma iso lakho lilibi, uzakuba-mnyama umzimba wakho wonke. Ngakho uma ukukhanya okukuwe kungubumnyama, ubumnyama bukhulu kangakanani." Amen.

**8. Intshumayelo:** Bangane beNkosi yethu uJesu Kristu enithandekayo, iNkosi yethu uJesu Kristu iyathanda ukuba samukele okokuqala, kube okokuqala, ngisho ingcebo engapheliyo, ukuba sikholwe yiyo, singakwethembi okunyamalala nje emva kwesikhashana nje, emva kwamahawa, emva kwezinsuku, emva kweminyaka nje. Iyakhuluma ngakho okuphakade, izingcebo zasezulwini, ezimi njalo. Iyathanda ukuba wakhe indlu yakho phezu kwedwala, kungabi phezu kwesihlabathi nje. Kunjalo, ngoba iNkosi yethu ingathandi ukuba sibe nentokozo e feketisayo, ephelayo nje. Ayithandi ukuba sijabhiswe, noma sidelelwe ekugcineni ngokufaka imali yethu ehashini elingawini, noma ngokwethemba okungasizi ekugcineni.  INkosi iyathanda ukuba sinqobe, sibe abangqobi, sibe nengqobo engapheliyo. Ngakho lokhu iyasigqugquzela ukuba sibambelele kuyo, siyilandele ngokukhumbula njalo ukuthi "uJesu Kristu nguyena izolo nanamuhla, yebo, naphakade." Uyakwazi konke. Konke kungokwakhe. Kuqinisile! Konke okuhle, okulungile, okusisizayo kuyathokala kuye. Nguyena osikhombisayo indlela ukungena entokozweni engapheliyo, uyasithembisa ukugcwaliseka nokuphila okuqinisekileyo okuyimpilo impela, kwamanje nangaphakade. UJesu Kristu uyindlela eyodwa eya khona. Nguye ongumthombo wakho konke lokhu. Nguye kuphela okulondoloza konke. Uyikho konke kukho konke, isiqalo nesigcino. Ukuphila nokusindiswa kweqiniso kuyatholakala kuye kuphela. Ngaphandle kwakhe kungubumnyama kuphela, ubuyise, nokufa. Kuhle ukukhumbula lokho ngomkhosi wokubonga izingobo ezigcwele kahle, nokuvuna okwanele, nokuba namathuba okusebenza, nokondla abakithi. UJesu Kristu, iNkosi noNkulunkulu wethu ayikhulumeli ukulungiswa okusheshisayo nje. Kodwa ukulungiswa kwezindaba kuyathenjiswa lapho ekhona, lapho esiphathayo, uyakhulumela indlela yokuba inkambo yethu iqhutshwe ngokukhanya nangeqiniso ngokunqoba kwakhe osenqobile konke okubi, nokufa, neliba, ngokuba izibulo lokudalwa konke. ngokwazi yena ohlezi ngakwesokunene sikaYise, ophiwe onke amandla ezulwini nasemhlabeni. Nguye ozazi zonke izono zethu, nemicabango yethu efihlekileyo, nayo esingayiphuphayo ukuthi ingenzeka, nesingayiceliyo. Kanti uyahlangayela noYise intando yothando lwakhe, ethanda ngayo ukuba bonke abantu basindiswe, bafinyelele ekulazini iqiniso. Uyathanda ukusihola eqinisweni lakhe elisindisayo. Akafuni ukuba sihiyiwe ukuba singazi lutho, sishiyelwe ebumnyameni. Lentando enhle yakhe ayiqondani nezikhulu nabahle kuphela, isho bonke, abaJuda nabezizwe, abacebileyo nabampofu, abasha nabadala - ifumbethe isipho esibongekayo impela: intethelelo yezono, insindiso, isibusiso, inkazimulo, ukuthula, nokuphila okuphakade.  Ngakho uyabela izingcebo ezimangalisayo, uyathembisa ukuba asiyikuhlukaniswa noNkulunkulu, kodwa samukelwe ngokuthethwa kahle ekwahlulelweni okugcina, ukuba samukelwe edilini

yomshado weNdodana kaNkulunkulu, sihlale enkazimulweni kuze kube phakade. Ngokulandela indlela yevangeli uMartin Luther uyabhala umusho 62 wemisho engu-95 ngendaba yeziyekelo othi: "Ingcebo yeqiniso yekerike iyivangeli elingcwele-ngcwele yenkazimulo nomusa kaNkulunulu. Kanjalo kuyahlatshelelwa yikerike amaculo akhazimulayo impela: Jesu, Ngcebo enkulu, Mthombo wentokzo. Mngane wami weqiniso. Maye, ngisayakuhlupheka isikhathi esingakanani kulezinhlupheko. Ngiyalangazela ukuba kuwe. Ngingowakho, ungowami. Wundlu kaNkulunkulu! Hlala nami. Angiceli lutho, wena kuphela!

Siyavumelana, sithi: Kukhona izingozi eziningi, ezinkulu nezincane ezizama ukunciphisa nokonakalisa lengcebo yethu, njengezilwanyakazane eziyinkathazo, njengamagundwane nezimpuku, amasele nabaphangi. Kukhona ongamazi olahlekelwe umsebenzi omningi ekhompiyutheni lakhe ngenxa yonyazi, noma ngenxa ye"virus" embi, noma ngesigebengu esichitha okufakiwe kulo ikhompiyutha. Siyazi ukuthi amasela nabaphangi banamandla ukuthatha esikulondolozile, esikutholile ngomsebenzi onzima. Okwebiwe, kwebiwe. Masinganamathelisi izinhliziyo ezintweni ezingatshontshwa ngamasele, eziphukayo. Akusizi nje. Uma silalisiwe esibhedlele, siyazunywa ngukwazi ukuthi ukuphila kwethu kufishane, kuydlula nje. Uma simi emathuneni alabo esibathandayo, siyazunywa yilolulwazi kakhulu. Kuyasithinta impela, nomoya wethu uyavuswa ukubuza ukuthi: Yikho kuphela? Siyagcina khona lapho na?

UJesu Kristu, iNkosi yethu, akalahlekelwa ukubekezela ngathi, noma siveza okuningi ukuba alahlekelwe yikho. Nokho uyazama ukusivuselela nokusithokozisa, ngokugcizelela ukuthi inkazimulo esiyakwamukelwa kuyo idlula konke esikwethembayo, nakho esikubhekayo, ngoba akekho ozothelwa izinhloni omethembayo kwamanje nangesikhathi esizayo. Uyaqinisa ukuthi akekho ozolahlekelwa yikho okwakhe olandelayo uJesu ngokushiya okuthile okwempilo yakhe yalapha emhlabeni. Asikaboni lokhu kunqoba nenkazimulo kwamanje. Amehlo ethu ahlulekile ukubona lokhu okusafihlekile. Asikazi ukubona okufihlekile ngenkungu yakho okusemhlabeni. Amehlo ethu avinjiwe ukubona inkazimulo kaNkulunkulu neyasezulwini. Ngakho lokhu kuyadingeka ukuba asambulela ukuhle kwakhe ngesihlephu nesihlephu ngenhloso yokuba sikuqonde ngokulandelana ukuba siphiwe ithemba, singalahlekelwa ukukholwa phakathi kwezinhlupheko, kodwa siqhubeke ukumethemba, siqinisele ekwazini ukuthi ekugcineni sizophathwa ngokuhle okungadlulwa lutho. Yiwo umlayezi abaphostoli nabaprofethi abangcwele. UNkulunkulu uzogcwalisa konke okuthenjisiweyo ngamandla akhe amakhulu, alungise konke ngokuphelele. Sizothwalwa

nguye ngokuphathwa nguye kahle kangaka, samukelwe kuye ekhaya impela. Lokhu kuqinisile. Ngakho lokhu phakamisa amehlo akho, ubone umgomo wenkazimulo. Konke sikulungiselwe ngothando nobuhle, ngakho okungasweleki lutho kukaNkulunkulu. Akekho noyedwa, futhi akukho okukodwa ongaba noma okungaba namandla ukuvimba uNkulunkulu ukukufinyelelisa khona lapho kuhle khona. Akekho noyedwa, futhi akukho okukodwa ongaba, noma okungaba namandla ukuma endleleni kaNkulunkulu ukugcwalisa isithembiso akhe. Methembe kulokhu!

Nokho kusekhona okuthile okuphakanyiswa ekuhambeni kwethu, njengobusha, ubuhle, imfanelo, noma impilo yomzimba, ukuhlakanipha, umnotho. Ukuguga kuyasikhombisa ubuyize balezizinto, ukugula, ukukhohlwa okwaziwe ngaphambili, ukulahlekelwa yimali eyathenjiswa inzalo enkulu, noma ngubugugu bezindlu ezathengwa ngemali eningi. Konke lokhu kuyaqinisa okwalotshwa ezwini likaNkulunkulu nguJeremiah ku-9:23-24 ukuthi: "Usho kanje uJehova, uthi: Ohlakaniphileyo makangazibongi ngokuhlakanipha kwakhe, neqhawe malingazibongi ngobuqhawe balo, nocebileyo makangazibongi ngengcebo yakhe, kepha ozibongayo makazibonge ngalokhu ukuthi uyangiqonda, angazi ukuthi nginguJehova owenza umusa nokwahlulela nokulunga amhlabeni, ngokuba ngiyathokoza ngokunjalo, usho uJehova."

Okunjalo kuyikho okuhle kuwo amaLuthela, njengalokhu sifundile ngeKhathekisemu elikhulu lekerike kuDr. Luther ngokuchaza umyalelo wokuqala (§ 5-10, p.317-318) ngokuthi: "Baningi abacabanga ukuthi banoNkulunkulu neningi lakho konke, nxa benemali nezimpahla, baze bakuthembe, bazigabise ngakho ngokuthi ngxi nangesibindi, bangabe besanaka-muntu. (6) Bheka lowo naye unonkulunkulu wakhe, othiwa uMamona (Math. 5:24), okuwukuthi imali nempahla, abekile kukho yonke inhliziyo yakhe, okungunkulunkulumbumbuluojwayelekile kakhulu ezweni. (7) Onemali nempahla uzizwa elondekile, uyathokoza, akesabi-lutho, kusengathi uhlezi phakathi eParadisi. (8) Lowo kodwa oyihlongayo uyagabaza, adangale, kube-sengathi akanaye uNkulunkulu. (9) Ngoba bambalwa abatholakala benesibindi, bengadabukile, bengakhali, nxa benganaye uMamona. Lokhu kubambelela, kunamathele emvelweni yomuntu kuze kube-selibeni. (10) Nalowo futhi othemba, ozigabisa ngokuthi unobuchwephesha, nokuhlakanipha, namandla, nokuvunwa, nobuhlobo, nodumo olukhulu, naye unonkulunkulu wakhe, kodwa kungesiye uNkulunkulu lona onguye noyedwa. Lokhu ubuye ukubone ngalokhu ukuthi umuntu unobuchwensa obungakanani, uyazazi, uyaziqhenya kanjani ngezinto ezinjalo; futhi ukuthi uyadangala ngendlela enjani, nxa zingekho

mhlawumbe zimephuciwe. Ngakho ngiphinda ngithi isichasiselo seqiniso salenhlamvu yilesi sokuthi: ukuba-nonkulunkuu, lokhu kusho ukuthi ukuba-nento inhliziyo ekholwa yiyo du."

Impela kuyakhalisa kabi ukuzwa ukuthi abantu balahlekelwa yizimpahla zabo zonke ngokusha kwezindlu zabo, noma yizikhukhulu, nezingozi ezinye. Izehlakalo ezinjalo azithinti izimpahla zethu kuphela, kodwa zithinta nezimpilo zethu nezabakithi, njengezidudumela zomhlaba, amavolkano, noma izishulubezi. Ngokuthintwa yizehlakalo ezinjalo abantu abafana nami nawe bayalingwa ukulahlekelwa ngukukholwa uNkulunkulu ophilayo, onomusa, njengomkakhe omubi kaJobe owazama ukumhlubukisa ngokumusho ukuthi: "Usabambalela ekupheleleni kwakho na? Thuka uNkulunkulu, ufe!" Jobe 2:9. UJobe wanqoba lesisilingo, ngomusa kaNkulunkulu wabambelela ekukholweni. Akalahlekelwanga yisithembiso senkazimulo kaNkulunkulu. Njengomkakhe kaLoti siyalingwa ukuqondisa amehlo ethu ezingozini, nokukwenza izinhliziyo zibe lukhuni, ziguquke zibe amatshe ukuba siguqulwe, sibe izinsika zikasawoti njengomkakhe kaLoti (Gen. 19:26) owaphenduka ukubheka umlilo nokucithwa kweSodoma. Ukubheka izehlakalo zesihogo somlilo, nokwesaba izinkohliso zesitha sethu esidala nobuningi babo abamelanayo nathi akusizi, esikhundleni sokusisiza kuyandisa izilingo, ngokuba kuyafihla umsebenzi kaKristu, ukuba singabe sisaqaphele ivangeli lomusa wakhe. Kuyafihla ubuhle, nomusa, nothando lukaKristu. Siyazi ukuthi nomthetho omuhle kaNkulunkulu ngokwawo awukwazi ukusisindisa, ngokuba uyasambulela izono namacala ethu, uyasimangalela njalo. Asinakubambelela kuwo nje, kodwa sibaleke kuwo, sibalekele ezandleni zikaNkulunkulu ezelulelwa kithi ngaye uJesu Kristu, sifihlwe kahle phambi kwezingozi zonke emuseni wakhe, sivikelwe nguye, silondolozwe kahle kuye. Ukwesaba okubi, namaphutha ethu nezono zethu ziyethusa kabi, ukuba sihluleke ukuphila kahle. Ngokuqonda amehlo ethu kukho okungathandeki ekuphileni kwethu siyahlaselwa njalo ukuba sigwinywe ubumnyama bezinhliziyo zethu, novalo nezingebhe zokungakholwa, noma kubonakala ngezingebhe zempilo yezinsuku zonke. Ungathi kuyafana negundwane elibanjwa ngamehlo ahahile enyoka, ungathi selifile lingakalunywa ngamazinyo ayo, izinyo elide layo lingakafaki isihlungu sayo kulo. Ngokukhumbula ukwesaba nokuthuthumela okunjalo okuhlasela ukukholwa kwethu ithemba nothando lukaMoya oNgcwele luyasibiza nokusimema ngevangeli, nokusikhanyisela ngobuhle obukhulu ngomsebenzi kaKristu ukuba kusibekelwe ukwesaba kwethu, nokuthethelela konke okuswelekayo kithi ekukholweni, nokumesaba nokumethanda uNkulunkulu. UMoya oNgcwele enza lokhu ngezinsuku ngokusikhumbuza ngazo izimangaliso ezenziwe yiNkosi noMsindisi wethu uJesu Kristu. UJesu Kristu usindisile

izoni ezinkulu njengoSawulo ngokubahlenga ekufeni nasebumnyameni, kubo ubudlova bokuphuphutheka ngokungazi ivangeli, nakukho ukusingela nokubulala amakholwa. UNkulunkulu wamphendula ukuba abe isithunywa sakhe phakathi kwabezizwe, nesisebenzi sakhe esisebenzile kunabanye. Ngomusa wakhe wasindisa abantu njengoMathewu, noZakewu, noMagdalena, neselelesi esiphambanweni eceleni kwakhe. Waphulukisa iziguli, ofé uhlangothi, izimpumputhe, izimungulu, izithulu, ababenochoko, nababekhwelwa ngamademoni nawomoya ababi. Wamukela izingane, wazibusisa, wamukela abantu bezinye izizwe, nababeyizoni emehlweni yezikhulu, wabamukela ukuba babe ngabafundi bakhe, nabendlu kaYise. Wavusa intobazana, nendodana yomfelokazi, noLazaru ekufeni. Wanika abalambileyo ukudla, walungisela unina indawo kumfundi wakhe amthandayo, wahlenga abafundi bakhe esivunguvungwini elwandle. Wababutha phambi kwakhe ukubambulela izindlela zikaNkulunkulu, nokubakhombisa indlela yokubenza abantu bezizwe abafundi bakhe. Ekugcineni wahlushwa nokufela ngenxa yokusindiswa kwethu sonke esiphambanweni. Kanjalo uJesu Kristu ufakile isithombe sakhe ezinhliziyweni zethu, ushisile uphawu lwesiphambano sakhe ebunzini nasesifubeni sethu. Futhi usaqondisa amehlo ethu ukuba simbone njalo yena oyiNkosi yethu ephilayo, nokusithanda kangaka ukuba siyethembe phezu kwezinto zonke, sibheke konke okuhle kuyo, namuhla, kusasa nangezinsuku zonke. Ngokugcizelela, nokwambula, nokubonakalisa umsebenzi wayo esiwenzelwe yiyo, iyasigqugquzela nokusivuselela ngomusa nangothando lwakhe ukuba singalahlekelwa ukukholwa, kodwa sethembe ngokuthembeka nangokukholeka kulo leliqiniso lensindiso elithi: Konke lokhu uJesu Kristu wakwenzela ukusindiswa kwakho. Futhi ukhumbule ukuthi uJesu Kristu unawe, manje naphakade. Ngakho lokhu makungena iNkosi yentokozo esikhundleni semicabango yonke yokuhlupheka. Abathanda uYise, noma izivunguvunga zingaphephetha, nokusizungeza, siyathanjiswa ukuthula enhliziyweni. Noma sethuswa ngakho esikuzwayo emhlabeni, kuJesu Kristu intokozo egcwebileyo ikhona, kuwe oyigugu lethu, Nkosi noMsindisi wethu. Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkosi, Nkulunkulu, Baba osezulwini, Namuhla emkhosini wokubonga ukuvuna siyabonga izingobo ezigcwele okuvuniwe, namathuba onke esiwalungiselwe nguwe ukuthola umsebenzi ukuba siphumelele ukondla abakithi. Futhi sibonga intshumayelo esiyizwile osikhumbuzayo ngayo ukuba izinhliziyo zethu zinganametheli iziphiwo eziphiwe nguwe, kodwa sinamathele kuwe onguMnikazi osabele konke lokhu, futhi sithokozele kakhulu ukuthi silungiselwe insindiso yiNdodana yakho uJesu Kristu, nokuthenjiselwe intethelelo

yezono zonke nokuphila okuphakade ngokukholwa nguye. Mawusizwe ngenxa yeNdodana yakho uJesu Kristu iNkosi noMsindisi wethu. Amen. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 10

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2013 ngu-K. P. P. W. Weber.

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.